


ZULU - "Heart Guide"

INHLIZIYO YOMUNTU !

"Inhliziyo entsha ngoninika yona, nomoya omusha ngowufaka ngaphakathi kwenu." *Hezekeli 36:26, 27.*

Usalifunda lelipheshana ubuka nezithombe zalo uyokwazi ukubona inhliziyo yakho. Dedela ukukhanya kukaNkulunkulu kukukhombise isimo senhliziyo yakho. Zivume izono zakho ungasho ukuthi azikho, ngokuba izwi likaNkulunkulu lisitshela ukuthi: "uma sithi asinasono, siyazikhohlisa iqiniso alikho kithina. Uma sizivuma izono zethu uthembekile yena uyasithethelela izono zethu asihlanze kukho konke ukungalungi. *1 Johane 1:8-9.*

Ubuswa ngusathane noma uNkulunkulu uyisigqila sesono nomake uyisisebenzi sikaNkulunkulu. Uma isono sibusa impilo yakho, ungasiphiki kepha khala kuNkulunkulu uyokukhulula ngoJesu Kristu oweza kulelizwe ukusindisa izoni, ukuchitha amandla kasathane nesono kithina. Ungumhlengi wethu uphambikukaNkulunkulu Oingcwele obona zonke izimfihlo. Imfihlo yemicabango nezenzo empilweni yakho. "Ngokuba amehlo akhe aqaphele izindlela zomuntu uyabona ukuhamba konke kwakhe. Akukho ubumnyama, alikho nethunzi lokufa, lapho abenza okubi bengacasha khona. *Jobe 34:21-22.*



EMFANEKISWENI WOKUQALA sibona ukuthi "Inhliziyo iyakhohlisa kunakho konke; yonakele kakhulu; ubani ongayaziyo? *Jeremia 17:9.* "Okuphuma kumuntu ilokhu okumngcolisa umuntu. Kuphuma ngaphakathi enhliziyweni yabantu izizindlo ezimbi, nokuphinga, nokuhlobonga, nokubulala, ukweba, ukufisa, ukona, ukukhohlisa ukukhanuka, iso elibi, inhlamba, ukuzidla, ubuwula. Lezizinto zonke ezimbi zivela ngaphakathi zingcolise umuntu. *Marko 7:20-23.*

IPIGOGO likhuluma ngesono sokuziqhenya, **IMBUZI** imele inkanuko yenyama, isimilo esibi, ukuhlobonga nokuphinga. **INGULUBE** ikhuluma ngesono sokudakwa nokuminza. **UFUDU** luchaza ubuvila nokuhlehisa, nokuthakatha. **INGWE** isilwane esinonya kakhulu simele inzondo, nolaka nenhliziyu embi. **INYOKA** ifane-kisa umona. **IXOXO** limele izono zokuhaha, nokuthanda imali okuyimpande yezono zonke. *1 ku Thimothewu 6:10.* **USATHANE** ungu-vise wamanga onke nowalabo abawaqambayo. **INKANYEZI** une-

mbeza wenhliziyo yabantu bonke. Lapha imbi ingcolile. **ISO** lika Nkulunkulu libona konke okungena enhliziyweni. Kungefihlwe lutho elangabini leso lakhe. **IZITHUNGWANA ZOMLILO** ezizungeze inhliziyo zichaza uthando luka Nkulunkulu oluzengeza inhliziyo eyonakele. **INGELOSI** imele izwi lika Nkulunkulu. **IJUBA** lingumfanekiso kaMoya Oingcwele.

UMFANEKISO WESIBILI UKHOMBISA INHLIZIYO EPHENDUKAYO esiqala ukufuna uNkulunkulu. Lapha useqala ukunaka umbiko kaNkulunkulu inhliziyo yakhe uyivulele othandweni lukaNkulunkulu, uMoya Oingcwele ukhanyisa phakathi ukukhanya kukaNkulunkulu kungene kuxoshe bonke ubumnyama. Ingelosi iphethe inkemba, izwi likaNkulunkulu. "Eliphilile linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika ngezinhlangothi zombili, lihlabane kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomkantsha, lizwisisa ukucabanga kwenhliziyo *Heberu 4:12.* "Mawungihlanzise kakhulu ebubini bami; ungihlanze ekoneni kwami,



Mawungezele inhliziyi ehlanzekile; uvuse umoya oqinisekileyo ezibilinini zami. *Amahubo 51:2, 10.*




UMFANEKISO WESITHATHU usikhombisa isimo senhliziyi yesoni **ESIPHENDUKA NGEMPELA**. Manje usebona ubukhulu nokwesabeka kwezono zakhe eziningi uJesu azifela esiphambanweni. Usethinkile wahlabeka kakhulu enhliziyweni ngenxa yazo zonke lezozindlela zakhe. “iNkosi iseduze nalabo abanenhliziyi ezidabukileyo isindise labo abanomoya owaphukileyo. “Igazi likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza ezonweni zonke *I Johane 1:7-9*. “Kodwa ngobheka kulomuntu kuyena ompofu nonhliziyi ithambile, ethuthumelayo ngezwi lami. *Isaya 66:2*. “Uma uvuma ngomlomo wakho iNkosi uJesu ukholwe ngenhliziyi yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo uyakusindiswa. *Roma 10:9*.

UMFANEKISO WESINE. ukhuluma ngekhulwa eselifumene ukuthula nokuhlangwa okuphelele ngomhlathshelo weNkosi noMsindisi wethu uJesu Kirstu ngakhoke akasadumisi lutho ngaphandle kwesiphambano seNkosi yethu uJesu Kristu okubethelwe izwe kuye ngaye naye kulo. *Galathiya 6:14*. UJesu wafa esiphambanweni ukuze sife ezonweni siphile ekulungeni *I Petro 2:24*. Siyalwe ukuba sihambe

ngokomoya, singenzi inkanuko yenyama. *Gal. 5:16, 25*. Bangingi ababizwa ngokuthi amakholwa abathandazayo emasontweni, bahlanganyela esithebeni seNkosi, bahube amahubo ka Nkulunkulu, kepha izezo zabo ezimbi zilokhu njalo zibuye zimbethele uMsindisi wabo. Futhi lapha sibona isikhwama semali sikaJuda, owanikela iNkosi uJesu wamuthengisa ngemali izinhlamvu ezingamashumi amathathu, isibani, iketango nokunye kwasentshenziswa ngamabutho ayembamba uJesu ebusuku. Amadayisi lana ukujwayelwe ukudlalwa ngawo, asentshenziswa ngamabutho uma enza inkatho ngezingubo zakhe. *Amahubo 22:18*. Bamephuca konke uJesu, kodwa bamala yena uqobo lwakhe, bethi: “Asifuni ukubuswa yilomuntu.”

Ngomkhonto ibutho lamgwaza ohlangothini nasenhliziyweni “Kwaphuma igazi namanzi.” *Johane 19:33-37*..... “Njalo nani manithi nifile ngokona niphila ngomoya kuye uKristu uJesu. Akungabusi ukona emzimbeni wenu obhubhayo. *Roma 6:11-12*. “Ngokuba nifile ukuphila kwenu kufihlelwe noKristu kuNkulunkulu. *Kolose 3:3*.




UMFANEKISO WESIHLA-NU ukhombisa **INHLIZIYO EHLANJULULIWEYO** yesoni esisindiswe ngomusa omuningi nesi-hawu sikaNkulunkulu isiyithempeli likaNkulunkulu ngempela,

indlu kaNkulunkulu, uyise neNdodana noMoya Oingcwele njengokwesethembiso seNkosi uJesu Kristu. “Uma umuntu engithanda, uyogcina izwi lami, uBaba uyakumthanda, size kuye sihlale naye, *Johane 14:23*.

Endaweni yokuba abe isihlalo esenyanyekanyo sesono, inhliziyi isiguquke yabanhle, umuthi othela izithelo, uthela izithelo zikaMoya njengokuthanda, ukujabula, ukuthula, ukuzithiba, ukubekezela, ubunene, ukulunga, ukukholwa, ukuva, ukuzithiba, nezinye ezimthokozisayo uNkulunkulu nabantu. *Gal. 5:22-23*.

Kulomfanekiso sibona isivela futhi iNgilosi. Izingilosi zikhethe-lwe ukusebenza kulabo abayokudla ifa lokuphila okuphakade, izungeze labo abamesabayo. *Amahubo 34:7*. Usathane naye umi eduze kwenhliziyi kungathi ulindele ukuthola ithuba lokungena endlini yakhe yakuqala. Ngaloqhoke siyayalwa ukuba silinde sithandaze ngoba “Isitha usathane uyahamba njengengonyama ebhodlayo efuna engabadlayo. *I Petro 5:8*. “Anazi yini ukuthi niyithempeli lika-Nkulunkulu nokuthi umoya kaNkulunkulu uhlala kini.” *I Kor. 3:16, 6:19, 20*.



UMFANEKISO WESITHUPHA ungumfanekiso odabukisayo **WOMHLUBUKI**. Iso elinye seliyavaleka, okusho ukuthi useqala ukuqanda nokozela empilweni yokukholwa, elinye liqalaza ngesikhulu isibindi lizithandekisa nezwe. Ukukhanya okukulo sekuyafiyela, nezimpawu enhliziyweni yakhe ezikhomba ukuzimisela kwakhe ukuhlupheka noKristu azisaqinile. Usezungezwe izilingo, uselokhu ezivumela endaweni yokuba azidele. Noma kumbe angabe elokhu engumuntu oyayo esontweni, efihla ubuzwe bakhe phansi kwengubo yenkolo, uthando lukaNkulunkulu seluyaqanda enhliziyweni yakhe.

Inkanyezi enhliziyweni yakhe, unembeza useyamfimfa. Isiphambano asisathwelwe ngokuhleka, kepha sesiba umthwalo onzima ongathandeki. "Lindani nikhuleke, ukuba ningangeni ekulingweni, umoya, uyavuma, kodwa inyama ibuthakathaka. *Math. 26:41*. "Kepha olungileyo uyakuphila ngokukholwa, kodwa uma umuntu ehlehla nyovane inhliziyo yami ayikuthkoza ngaye. *Heberu 10:38*. "Khumbulani umka Lothi" *Luka 17:32*.



UMFANEKISO WESIKHOMBISA ukhombisa isimo **SENHLIZIYO EHLUBUKILEYO** yomuntu, ekubeni ake akhanyiswa wanambitha okwezipho zaseZulwini, waba ohlanganyela noMoya Oingcwele, usewile. Umuntu owenza ibelukhuni inhliziyo yakhe lapho uNkulunkulu emncenga uyoba mubi kakhulu phezu kwemizamo yakhe engasho lutho yokuzakha.

Mayelana nomhlabeni uJesu uqobo uyasichaza isikhundla sakhe nxa ethi: "Nxa umoya omubi ephuma kumuntu uyadabula izindawo ezomileyo, afune ukuphumula, angakufumani, uthi ngobuyela endlini yami engaphuma kuyo. Se efikile uyifumana ishaneliwe ihlotshisiwe. Khona uyathabatha abanye omoya abasikhombisa ababi kunaye, bangene bahlale khona; kuthi ukuphela kwalomuntu kubi kunokuqala. *Luka 11:24-26*. "Kepha kubehlele njengokulinganiswa okuqiniseleyo, kokuthiinja ibuyele ebuhlanzweni bayo nengulube ehlanziweyo ibuyele ekubhubuzekeni odakeni. *2 Petro 2:22*. Uma kungukuthi lomfanekiso uhambisana nesimo senhliziyo




yakho mngani, khala kuNkulunkulu ungalibali, ekujuleni kwenhliziyo yakho. Uyakwazi ukukusindisa ngokuphelele. "Namuhla uma niyakulizwa izwi lakhe ningazenzi lukhuni izinhliziyu zenu. *Heb. 4:7*: "Umuntu olulekwa kaningi eyenzintamo yakhe ibelukhuni wofohlozwa masinyane kungabikho ukusinda. *Izaga 29:1*.

UMFANEKISO WESISHIYAGALOMBILI ukhombisa **ISONI ESINENHLIZIYO ELUKHUNI** sisondele ekufeni. Ukufa (amathambo sekufike ngesikhathi esingalindelwe nesingathandeki. Inkhuliso yentokozo yesono isidlule, sekumele abhekane nenkokhelo eyesabekayo yesono. Ubuhlungu obukhulu besihogo sebumbambile. Noma manje esefisa ukuthandaza usefumana ukuthi angeke aphumelele ebudlelwaneni noNkulunkulu obesekade edele nothando lwakhe isikhathi eside kangaka." Inkokhelo yokona ukufa" *Roma 6:23*. "Kuyesabeka ukuwela ezandleni zikaNkulunkulu ophilayo *Heb. 10:31*. "Sise haidesi saphakamisa amehlo aso, sisebuhlungwini." *Luka 16:19-31*.



UMFANEKISO WESISHIYAGALOLUNYE ukhombisa **IKHOLWA ELIBEKEZELAYO NELINQOBAYO** ezilingweni ezinamandla. Noma elingwa ngezindlela zonke, ilokhu emi eqinile wabekezela kwaze kwaba sekugcineni. Enqoba nokunqoba ngo-Jesu Kristu. Usathane nemikhosi yakhe yonke bazungeze inhliziyi ekholwayo bazama ukudukisa umntwana kaNkulunkulu. Umuntu ophethe indebe yewayini ngesinye isandla, uyagida eduze nekhohla uzama ukumlinga ngezintokozo zalezizwe. Kepha akanakwenza lutho ekholweni elizinikeleyo, njengalokhu esabethelwa noKristu ezonweni nasezweni. **INKANYEZI** kanembeza iyakhanya bha. **ISAKA LEMALI ELIVULEKILE** likhombisa ukuthi akazinikele kuNkulunkulu ngenhliziyo yakhe nje kuphela kepha ngisho nangemali yakhe. **ISINKWA neNHLANZI** kusho ukuthi uphila impilo ehlanzekileyo, uyazithiba. Akazingcolisi ngeziphuzo ezidakayo.

INCWADI EVULIWEYO ichaza ukuthi iBaibeli incwadi ahla eyivulile, uyifunda mihla yonke. “Ubani ozakusehlukanisa nothando lukaKristu, ukuhlupheka, usizi, ukuzingelwa, indlala, ukuhambaze, ingozi, inkemba na? Kepha kukho konke lokhu siyahlula nokwahlula ngowasithandayo. *Roma 8:35, 37.* “Yena ohlala kuye akoni.” *I Johane 3:6.* “Ngokuba konke okuzelwe uNkulunkulu kuyanqoba izwe; lokhu inqobo enqoba izwe ukukholwa kwethu. *I Johane 5:4-5.* “Siyahlula nokwahlula ngowasithandayo *Roma 8:37.*



EMFANEKISWENI WESHUMI sibona ukuthi umuntu ophile wahamba no Nkulunkulu akakwesabi ukufa. Uma efikelwa isikhathi sokuhamba, uhamba ngokuthokoza, njengokusho koMpostoli uPaul “Nginenhliziyo yokudlula ngihlale noKristu ngokuba kulungile kakhulu. *Filipi 1:23.* Ekhaya lika Baba kukhona izindlu eziningi ngobuya ngize nginamukele ukuba nibe nami, ukuba lapho ngikhona nibekhona nani. *Johane 14:1-4.* “Iso alikubonanga, indlebe ayikuzwanga, akungenanga enhliziyweni yomuntu lokho uNkulunkulu akulungisele abamthandayo. *I Kor. 2:9.* “Babusisiwe abafuleyo abefele eNkosini nakalokhu, yebo usho uMoya ukuba baphumule ekukhathaleni kwabo, imisebenzi yabo ibalandela. *Isambulo 14:13.* “Kuhle nceku elungileyo nethembekile; ngena ekujabuleni kweNkosi yakho” *Mathewu 25:21.*

Asithandaze:

O Nkosi ngiza kuwe nenhliziyo yami embi elukhuni. Angikwazi ukuyiguqula. Ithathe inhliziyi yami njengoba injalo. Dala kimina inhliziyi ehlanzekileyo Nkulunkulu. Igcalise ngoMoya Oingwele nothando. Amen.



If you have found salvation in Christ, or have been otherwise blessed through our Gospel literature, please let us know. We would like to thank God with you, and remember you further in our prayers. **Our Heart Book is now also available on cell phones, tablets, etc from www.angp-hb.co.za or as an APP “Heart of Man” on Android phones.**

For **free** Gospel literature, books and tracts in over 540 languages, write to:

E-MAIL: info@angp.co.za

ALL NATIONS GOSPEL PUBLISHERS

P.O. Box 2191, PRETORIA, 0001, R.S.A.

(A Gospel Literature Mission financed by donations)

(Reg. No. 1961/001798/08)